



# **basic education**

**Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**LWEZI 2023**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-3**

**Leli phepha linamakhasi ayi-5.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

**QAPHELA:** Abahlolwayo balinendeke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwedo/ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-100

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) 80

8. Ungaziguqli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

- |     |  |      |
|-----|--|------|
| 1.1 | Ngangiqala Futhi Ngangigcina Ukumbona Ngalelo Langa  | [50] |
| 1.2 | Umuntu Olalele Abazali Umbona Ngezenzo   | [50] |
| 1.3 | Imingcwabo Esikhathini Samanje   | [50] |
| 1.4 | Ukunikezwa Kwezingane Zesikole Umsebenzi Omningi Ezizowenza Emakhaya Kuqubula Imibono Engafani | [50] |
| 1.5 | Isiko Nenkolo Kuyasakha Isimilo Somuntu  | [50] |

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7. NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho maybe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6

[Sicashunwe ku-[www.funnypictures](http://www.funnypictures)]

[50]

1.7



[Sicashunwe ku-[www.funnypictures](http://www.funnypictures)]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-[www.funnypictures](http://www.funnypictures)]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPU A:**

**50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Ugogo wakho uziphilisa ngokwenza imisebenzi yezandla.

Bhalela ugogo wakho **incwadi** umcele ukuthi akufundise ukwenza le misebenzi yezandla.

[25]

**2.2 I-IMEYILI**

Bhala **i-imayili** ubonge uthisha okugqugquzelile wakwazi ukufunda waze wafika kuleli banga olifundayo.

[25]

**2.3 INGXOXO**

UnguSihlalo woMkhandlu wabafundi, unengxoxo nentatheli yomsakazo wangakini.

Bhala **ingxoxo** phakathi kwakho kanye nale ntatheli emayelana nokuqaphelisa umphakathi ngezingane eziba wuvanzi emigwaqeni ngesikhathi sesikole.

[25]

**2.4 UMLANDO KAMUFI**

Esontweni okhonza kulo kuvele umshophi wokushona kwelinye ilungu lentsha ebelibambe iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni ibandla.

Bhala **umlando kamufi** ozofundwa ngosuku lomngcwabo.

[25]

**2.5 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Inhlangano yentsha endaweni yangakini ibibambe umhlangano wokucela uxhaso ezimbonini ukuze izokwazi ukuhlangabezana nezidingo zokucija intsha emkhakheni wezikaqeda isizungu.

Bhala **i-ajenda namaminithi** alowo mhlangano.

[25]

**2.6 UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Izingane zesikole ofunda kuso zinyathelene zalimala ngesikhathi zifuna ukuyothatha izithombe nosaziwayo othandwa kakhulu yintsha.

Bhala **umbiko ongabekelwe mgomo** ozowethulela uthishanhloko ngalesi sigameko.

**AMAMAKI ESIQEPHU B:**  
**AMAMAKI ESEWONKE:**

50

100